# ISAZISO SOMPHAKATHI

**ISAZISO NGESICELO SELAYISENSE YOKUSEBENZISA AMANZI E-SERITI POWER (PTY) LTD NEW LARGO COAL MINE, ISIFUNDAZWE SEMPUMALANGA.**

**Isaziso sikhishwe ngokwesigaba 40 kanye nesigaba-41(4) soMthetho Wamanzi Kazwelonke, uMthetho 36 ka-1998 (NWA) kanye nezimfuneko zeSaziso Sikahulumeni esingu-R267 esashicilelwa kuGazethi Kahulumeni 40713 ngomhlaka - 24 kuNdasa wezi-2017 (Izimfuneko Zenqubo kanye Nesicelo Selayisensi Yokusebenzisa Amanzi kanye nezikhalazo).**

## IMVELAPHI KANYE NENDAWO

I-Seriti Power (Pty) Ltd, (Seriti) New Largo Colliery itholakala cishe ku-4.5 km eningizimu-mpumalanga ye-Ogies, kuMasipala Wendawo waseMalahleni, esiFundazweni saseMpumalanga. Imayini iyasebenza futhi inamaLayisense Okusebenzisa Amanzi amathathu (WULs) agunyazwe ukwenza imisebenzi echazwa njengokusetshenziswa kwamanzi ngaphansi kweSigaba 21 soMthetho Wamanzi Kazwelonke, 1998 (uMthetho No. 36 ka-1998), okungukuthi:

- I-WUL: 04/B20G/ACFGIJ/2538, Ifayela: 16/2/7/B200/C528 yamhla zingama-31 kuNdasa 2023, ethatha indawo ye-WUL yomhlaka -11 kuMasingane 2015 njengoba ichitshiyelwe zingama-25 kuMfumfu 2019.
- I-WUL: 04/B20G/CI/2246, Ifayela: 16/2/7/B200/C528 yangomhlaka 22 kuNtulikazi 2014; kanye ne
- I-WUL: 04/B20F/ACFGI/2310, Ifayela: 16/2/7/B200/K524 yangomhlaka 22 kuMandulo 2013.

Nakuba lezi zigunyazo zokusetshenziswa kwamanzi zikhona, ukusetshenziswa kwamanzi okwengeziwe okuhlobene nokumbiwa kwe-Pit A (Ophathelene ne Block I-Honingkrantz) kukhonjwe okudinga ukugunyazwa, ngenxa yokubuyekezwa kohlelo lwezimayini. Lokhu kusetshenziswa kwamanzi kubandakanya ukumbiwa kwamaxhaphozi; indawo kanye nokusebenza kwezimayini zamalahle amasha e-Largo, amapayipi, izintambo zikagesi, imigwaqo yokuthuthwa kwempahla kanye nengqalasizinda yezimayini ehlobene endaweni elawulwayo emifuleni yamanzi; ukucindezela uthuli; kanye nokukhipha amanzi Kwi-Block yase-Honingkrantz.

I-New Largo ifaka isicelo selayisensi yokusebenzisa amanzi (i-WULA) eMnyangweni Wezamanzi Nokuthuthwa Kwendle, ngokweSigaba 41 soMthetho Wamanzi Kazwelonke, 1998 (uMthetho No. 36 ka-1998) (NWA) sokusebenzisa amanzi njengoba kuchaziwe Isigaba 21 se-NWA. I-GN R.267 ibeka ukuthi i-WULA kufanele isekelwe Uhlelo Oludidiyelwe Lokulawulwa Kwamanzi Nemfucuza (IWWMP) kanye nohlu lwezifundo zobuchwepheshe ezifana namaxhaphozi nezinye izifundo zochwepheshe ezihlobene nemvelo.

Ukusetshenziswa Kamanzi okulandelayo kuyingxenye ye-WULA:

- Isigaba 21(c): Ukuvimbela noma ukuphambukisa ukugeleza kwamanzi emseleni wamanzi;
- Isagaba 21(g): Ukulahlwa kwemfucuza ngendlela engase ibe nomthelela omubi emthonjeni wamanzi;
- Isagaba 21(i): Ukushintsha imibhede, amabhange, indawo noma izici zomfula; futhi
- Isigaba 21 (j): Ukukhipa noma ukuchithwa kwamanzi atholakala ngaphansi komhlaba umakunesidingo ukuze kuqhutshekwe ngepumelelo kanye nokuphepha kwabantu.

I-WSP Group Africa (Pty) Ltd (WSP) iqokelwe ukwenza i-WULA kanye nenqubo yokubamba iqhaza komphakathi ngokwe-NWA.

**KUMENYWE IZIMVO ZOMPHAKATHI ENQUBO YOKUGUNYAZWA UKUSETSHENZISWA KWAMANZI:**
Ababambiqhaza bayamenywa ukuba babhalise NjengamaQembu Anentshisekelo Nabathintekayo futhi banikeze ukuphawula okubhaliwe mayelana nenqubo ehlongozwayo yokugunyazwa kokusetshenziswa kwamanzi zingama-**01 kuOkthoba 2024**. Isikhathi sokuphawula sezinsuku ezingama-60 siqala ngomhla ka-**02 Agasti 2024** futhi sizophothulwa zingama-**01 kuOkthoba 2024**. Amaphepha okuphawula ayatholakala ukuze udawunilode kusizindalwazi esilandelayo: https://www.wsp.com/en-za/services/public-documents:

**UKUTHOLA ULWAZI OLWENGEZIWE, SICELA UTHINTE:**

Public Participation Office; WSP Group Africa (Pty) Ltd.
PO Box 6001, Halfway House, 1685;
Tel: 011 254 4800; Fax: 086 582 1561
E-mail: gld.pp@wsp.com

Ukuvikelwa Kolwazi Lomuntu Siqu: I-WSP izocubungula ulwazi oluthile lomuntu siqu olumayelana nawe njengomuntu onentshisekelo noma othintekayo (I&AP) ngezinjongo zokwenza ukubhalisa kwakho njenge-I&AP nokugcina imininingwane yakho kusizindalwazi sethu, uma uvuma ukuba senze kanjalo. I-WSP izosebenzisa le mininingwane ukuze ixhumane nawe mayelana namanye amaphrojekthi abalulekile esikhathini esizayo. I-WSP izohlala icubungula ulwazi lwakho lomuntu siqu ngokuhambisana noMthetho Wokuvikelwa Kolwazi Lomuntu Siqu 4 ka-2013. Unelungelo lokusebenzisa amalungelo akho njengesihloko sedatha futhi usazise uma ufisa ukukhishwa ukubhaliswa njenge-I & AP noma uma cha. usefuna imininingwane yakho yokuxhumana ifakwe kusizindalwazi sethu.

Date: **02 August 2024**

